



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2016

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

ISIQEPHU A KUNGASA NGIFILE – E. M. D. SIBIYA

UMBUZO 1

- 1.1 nomngani wakhe uZitha Sibiya / uZitha, (1) umngani wakhe (½) umfana wakwaSibiya (1)
- 1.2 engamashumi amabili nanhlanu / 25. (1)
- 1.3 1.3.1 Wayethukutheliswe ngukuthi uSenzo wamtshela ukuthi kunentombi ahlekisana nacabanga ukuthi uzoshada nayo uNokuthula Zondi. UMaMemela wayengakufuni lokhu ngoba wayazi ukuthi uSenzo noNokuthula yizingane zikaZondi ngakho azikwazi ukuthandana nokuthi zishadane. Ukubhoka ngolaka kwakuyindlela yokubonisa uSenzo ukuthi lobudlelwano abufanele. Akafuni bashade. Le ndaba ivusa imfihlo yakhe yeminyaka. (2)
- 1.3.2 Emva kwaloku wenza imizamo yokuhlukanisa uSenzo noNokuthula.
- Wathola izidakwa oNqotho nabangani bakhe ukuthi bahlasele uSenzo bamthuse ngokuthi bamshaye bembuza ukuthi uyifunani intombi yabo.
 - Ngesikhathi uMhlungu ekhuluma ngokukhathazeka ngoSenzo uMaMemela akazange amtshela uMhlungu ukuthi uSenzo umtshelile ngoNokuthula wayenza into engabalulekile indaba yokuthi uSenzo kumele abe nentombi.
 - Wakhuluma kabi ngoNokuthula ezama ukumbheca kuMhlungu njengomuntu ongaziphethe kahle wathi kuthiwa uthandana nosomatekisi futhi wambona naye ehamba nensizwa thizeni.
 - Waya enyangu uQuquda ukuyothola umuthi wesichitho nakhona engawuvalile umlomo eabaza ukuthi uNokuthula udlise indodana yakhe isiyisithingithingini nokuthi akaziphethe kahle uyiseqamgwaqo.
 - Wathola umbulali uBhibi wamkhokhela u-R400 nenkomo kaMhlungu ukuthi abulale uNokuthula. (3)
- 1.4 **uSenzo**
- Into eyamthatha kuNokuthula ukuhlonipha nesizotha sakhe hhayi ubuhle – akasiyena uzime.
 - Wayezihlonipha/wayehlonipha umzimba wakhe nothando lwabo njengoba wavumelana noSenzo ukuthi abazukuya ocansini bengakashadi.
 - Wayehlonipha umphakathi abantu babecabanga ukuthi akanasoka ngoba benoSenzo babengahambi bebambana emphakathini babehlangana endaweni lapho bengezikubonwa khona ngumphakathi – edolobheni.
 - Bangingi abafana ababemshela endaweni yaseBethamoya kodwa akazange abe nguthathekile wathandana noSenzo kuphela.

Akuyena uSenzo kuphela owayebona ukuziphatha okuhle kuNokuthula baningi abanye abakusho lokho.

uZitha

- Wayencoma uSenzo ukuthi washayisa ngokuthola uNokuthula wathi uyintombi impela futhi ungumfazi naye wahluleka emzama kodwa ubusoka bakhe abusebenzanga kuNokuthula.
- Usho nokuthi ngesikhathi efika ukuzohlala kule ndawo yaseBethamoya wayeshelwa yibona bonke abafana kodwa akabaqomanga.

uMhlungu

- Engakazi ukuthi uSenzo uthandana noNokuthula watshela uMaMemela naye uSenzo ukuthi kukhona intombi amthandela yona (21). Wathi uyintombi ngempela hayi lezi zinto esezihlala ziqoma imihla namalanga futhi izintombi ezifana noNokuthula eziziphethe kahle ziyindlala yikho nje wayesezophuthuma ukuthi amshelele indodana yakhe bangaze bamthathe abanye ngoba uyaphila (45). Naye futhi uMhlungu wathi uNokuthula ungumfazi isibili.
- Ukubonisa ukuthi uNokuthula uyintombi efanelekile uMhlungu wathi angamlekelela uSenzo noma esekhokha ilobolo uma ethatha yena. Lesi sithembiso wasigcina ngoba wakhapha izinkomo zakhe ezinoboya ukuthi kulotsholwe uNokuthula.
- Bekhuluma noMaMemela ngoNokuthula wagcizelela ukuthi uNokuthula uyisibonelo esihle emphakathini uMaMemela okubi akushoyo ngoNokuthula kungamanga (59–61).

uMaDube umngani kaMaHadebe

- Wayemcoma ukuthi iziyalo zakhe aziweli phansi ngoba uNokuthula usafunda isikole kodwa ontanga yakhe bagone izingane (pg 39).
- Wathi kuNokuthula uzotshela indodana yakhe uNsizwa izobheka ngakuye uma isifuna ukushada ngoba iyobe ithathe umfazi isibili uma ithathe uNokuthula (40).

uMaMemela

- Wayedliwa ngunembeza zonke izikhathi uma ekhuluma amanga ngaye ethi ungunondindwa yinto eyaziwayo endaweni naye ayazi kamhlophe ukuthi uNokuthula uziphethe kahle namagama amabi ayewasho ngaye ayephuma kanzima (30; 53).

UNokuthula

- Izenzo zakhe zazibonisa ukuziphatha kahle – ngesikhathi ekhuluma noSenzo yize ayeseentshelile ukuthi umama wakhe akamthandi wambiza ngomama uMaMemela. Akazange abhoke ngolaka asho izinto ezimbi ngaye.
- Wafika ukuzobona uSenzo kubo ngesikhathi elimele ngokuhlwa ukuze angabonakali futhi engqongqozela ekhulumela phansi ngokwesaba ukuze engezwakali ngoba ehlonipha umuzi wakwaMhlungu (49). Wayekade efisa ukuzobona uSenzo kodwa wayengeke angene noma ngasiphi isikhathi (50).
- Wathukuthela uma ezwa ukuthi abantu abahlasela uSenzo (oNqotho) bathi kuSenzo uyifunani intombi yabo, lokho okusho ukuthi bathi akanasimilo (51), uqhathe uSenzo nesoka lakhe.
- Yize wabe azi ukuthi uMaMemela akamthandi uma ezovakashela uSenzo eGoli wayeya kwaMhlungu ukuyobuza ukuthi abanayo yini imiyalezo/imikhonzo abafisa ayidlulisele kuSenzo.

- Ekhaya ukhuthela – wenzela unina noMaDube itiye, akazange alinde ukuthi balicele, uyapheka, uhlanza indlu, (39) koninalume usebenza emasimini-ukuziphatha okuhle okulindeleke entombazaneni.
- Akasilona uhlobo lwentombazane ethanda ukuzula, uthanda ukuzihlalela ekhaya akalona uvanzi. (6)

Ulimi nohlelo (1)

Amagama (1)

[15]

UMBUZO 2

2.1 Abafundi bazonika izibonelo ezifakazela lesi sitatimende – okungenani anike/akhulume ngabalingiswa ababili nangaphezulu

- Noma yibuphi ubudlelwane – umzali nomntwana, izithandani, abasebenzi, abangani njll. bonke budinga ukuthembeka ukuze bume njalo, ukungathembeki kudala izinkinga nokungazwani.
- Ukube uZitha wayethembekile entombazaneni eyodwa wabe engeke azithole esekhulelise izintombi ezintathu ngesikhathi esisodwa.
- Yize uZitha wake washela uNokuthula wayethembekile kuSenzo owayengumngani wakhe omkhulu yingakho uSenzo akwazi ukumtshela ngenkinga yakhe nonina futhi nguye uZitha kuphela owabe azi ngobudlelwane bakhe noNokuthula kodwa akakaze atshele muntu ngabo wakugcina kuyimfihlo yabo – ukuthembeka lokho.
- UZitha akakubonanga kuyithuba lokutshala ubutha phakathi kukaSenzo noNokuthula ukuthi unina akamthandi uNokuthula kodwa wazama ukumbonisa kahle uSenzo.
- UMaMemela akazange athembeke emshadweni wakhe waphinga noZondi ngenxa yaloku wakhulelwa ingane kaZondi wahlala nale mfihlo iminyaka emva kweminyaka engu-25 ukucela kwayo okuzokona ubudlelwane obuningi njenga:
 - ubudlelwane bakhe noMhlungu osekulise wondla ingane okungesiyo eyakhe.
 - uSenzo iminyaka engu-25 wazi uMhlungu njengoyise manje akamazi uyise wangempela ngenxa kanina ongathembekanga.
 - ubudlelwane bakhe noQuquda amfuna isichitho ebiza ingane yakhe ngeseqamgwaqo esidlise indodana yakhe.
 - uMaHadebe angadinwa ngukuthi wayedlalwa emshadweni wakhe yize uZondi engasekho kodwa akumnandi ukubukana nomuntu owayengachitha umshado wakho.
 - ubudlelwane noNokuthula buzoba nzima emva kokuzwa ukuthi wayemthuka, wathi adliswe isichitho nokuthi abulawe nguBhibi.
- UDumisani Zondi wazibeka engozini futhi noMaMemela ngesikhathi uMhlungu ecishe ebabamba naye wacishe wafela ngaphansi kwalowo mbhede ngesikhathi ecindezelwe yizipilingi zombhede kwakungeke kwenzeke loku ukube wayethembekile kumkakhe.
- Ukuvela kwemfihlo yokuthi uZondi wayengathembekile emshadweni wayethandana noMaMemela baze banengane ayizuhlala kahle kuMaHadebe loku kungenza angabe esamthandisisa umlingani wakhe uMaMemela, uZondi yena uyosindela ukuthi akasekho.

- Ngenxa yokuthi oSenzo noNokuthula babethembekile othandweni lwabo kwathi noma uMaMemela ebiza uNokuthula ngesindindwa loko akumshintshanga umqondo uSenzo wazithola ekhala uma ekhumbula ngothando lwabo.
- Akakukholwanga nababekusho oNqotho ngokuthi akayeke intombi yabo ngoba wabe azi ukuthi uNokuthula uthembekile, akubuphazamisanga nakancane ubudlelwano babo.
- UMhlungu wayethembekile kuMaMemela emondla emthumela nemali ngesikhathi esasebenza eGoli, ebuya emsebenzini ukuza ekhaya washintsha nomsebenzi ukuba seduze nekhaya lokhu kwenza bahlalisane kahle baze baba neminyaka engaphezulu kuka 25 beshadile.
- UMhlungu uthembekile kwabanye abasebenzi akafuni ukuba yigundane aye emsebenzini ngesikhathi abanye betelekile kwaba yinto enhle ngoba nakhu nomngani wakhe wasemsebenzini waba ngumkhongi.
- Yize uSenzo amtshela uNokuthula ukuthi unina akamthandi nangendaba yoNqotho akushintshanga lutho lokho kuyena ngoba wayemthemba uSenzo ukuthi loko akusho ukuthi uyamthanda kuyiqiniso ngoba ungumuntu othembekile.
- OSenzo noNokuthula abahlali ndawonye uSenzo useGoli ufunda nezipatsha ezifundile, uNokuthula ufunda oPongolo loko akwehlisanga uthando lwabo ngoba babethembekile.
- uMaHadebe akalifihlanga iqiniso umndeni wakwaZondi wabe wazi ukuthi unengane uNokuthula, nobaba wengane uQuquda waba khona ngosuku lomshado.

(5)

2.2 uZitha

- Wakhulelisa izintombi ezintathu ngesikhathi esisodwa kulolu xhaxha lwezintombi zakhe.
- Akaqedanga isikole. Ubaba wakhe wamyekisa isikole ukuze ayosebenza ondle izingane zakhe ngoba wayengeke ondle yena futhi nezingane zakhe.
- Wathola intombi emthandayo uZanele kulobo busoka bakhe.
- Akasakuthokozeli ubusha bakhe nemali yakhe njengoba esengubaba emncane kangaka kufuneke azondle abhekane nazo zonke izinkinga lezi eziza nonina '*obaby mama*'.

(2)

uMaMemela

- Ngesikhathi besezingane befunda amabanga aphezulu uDumisani wakhulelisa uMaMemela owagcina enqume ukusikhipha isisu wagula wacishe wafa.
- Waxoshwa yinduna esigodini ayehlala kuso eMatshensikazi, eNkandla yathi wandisa imbewu embi yokukhipha izisu. Njengamanje akanalo imumva akakwazi ukubuyela ekhaya.
- UMaMemela wabaleka wayohlala eGoli eyingane, wayeka isikole.

Ukumlandela nokumbelesela unyaka wonke yize abe azi ukuthi uMaMemela ushadile waze uMaMemela wazithuka esevumile ukubuyelana naye okwaba nemthelela elandelayo empilweni kaMaMemela:

- uMaMemela wenza okubi ukuthi athandane nenye indoda ebe eshadile, waphinga okuyihlazo.
- uMaMemela wenza ihlazo lokungenisa uDumisani emzini nasembhedeni kaMhlungu okubi kakhulu ukuthi wakwenza lokhu ehlala nomamezala wakhe.

- ukubeka impilo kaMaMemela neyakhe engcupheni njengoba bacishe babanjwa nguMhlungu ngelinye ilanga owayengababulala ukube wababamba.
- Wamenza waphila impilo yokuba nemfihlo iminyaka engamashumi amabili nanhlano – ukuthi wakhulelwa ingane kaZondi, uSenzo kodwa wangamtshelela uZondi lokho kanjalo noMhlungu owayecabanga ukuthi uSenzo yindodana yakhe naye uSenzo wabe azi ukuthi uyindodana kaMhlungu.
- Ukuzama ukufihla imfihlo, uMaMemela waphuthelwa ukujabulela indodana yakhe ukuthi ithole intombi eyisibonelo esigodini njengoba naye wayesekhathazekile ngokuthi akakaze ayibone nantombi waphuthelwa ukuyijabulela esikhundleni salokho wenza izinto ezimbi njenga:
 - ukuphula inhliziyi yendodana yakhe nobudlelwano bayo ngokuthi abize uNokuthula ngonondindwa,
 - ukulimazisa indodana yakhe ngezidakwa oNqotho ezamshayela ukufa.
 - ukumosha imali eya enyangeni uQuquda ukuyofuna isichitho nakhona waphula umoya kaQuquda okwamele alalelane naye ethuka indodakazi yakhe ngawo wonke amagama lawa.
 - ukudlisa indodana umuthi okungaziwa ukuthi kwakungowani ngesikhathi esedukelwe ipheshana lakhe lomuthi.
 - waphenduka isela wantshontsha inkomo kaMhlungu wayinika umbulali uBhibi.
 - yize ayeshintshe umqondo ngokuthi uNokuthula afe, ukuthi wake wacabanga ukukhipha umphefumulo womuntu – isithandwa sendodana yakhe, indodakazi yesoka lakhe kubonisa ukuthi wayesengumuntu onesihluku.
 - ukulimazisa uThembani nesidlamlilo esinguBhibi owayefuna ukumnukubeza amthumbe okungenzekanga kodwa wangenca ngocelemba umntanomuntu ezizamela walimaza nebhizinisi lakhe.
 - umosha/sa imali kaMhlungu ayisebenzela kanzima kangaka engenampilo ukuthenga imithi nokukhokhela izigebengu wangena ezikweletini ngoba uBhibi wayelokhu eyikhuphula imali njengoba wayengasafuni aqhubeke nomsebenzi wokubulala – wathi iphindwe kathathu, okwesibili wayesefuna iphindwe kasihlanu.
 - uhlalele ovalweni ukuthi uma uQolombo ethola umkhondo wenkomo uyoba esenkingeni ngoba uBhibi angambulala.
 - ukuzama ukufihla le mfihlo akugcinanga ngokuthikameza ubudlelwane bakhe noSenzo kuphela kodwa kwathikameza ubudlelwane bakhe nomyeni wakhe uMhlungu owayemthanda kangaka:
 - waphula inhliziyi kaMhlungu ethi wenza imizamo yokutholela indodana yakhe intombi wambhokela ngolaka wathi uNokuthula akaziphethe kahle bathi ukuhilizisana nomyeni wakhe into ethikameza ubudlelwano babo (ezinye izinqumo uMhlungu wazithatha ngaphandle kokumazisa – indaba yokukhuluma ngokuya kocela kwaZondi wabona ngoLanga noMaqili esetheleka nje ngakusasa engatsheliwe).
- Impilo yakhe yaba nzima/muncu wayengesenakho ukuthula nokuphumula emphefumulweni cishe nekhanda lalingasathathi kahle okubonakala ngezinqumo ayezithatha:

Wayengasalali, ehlala ecabanga enengcindezi, enamaphupho amabi, wazaca, wayesehlale ethela abantu ngezinyembezi, ubhokela abantu ngolaka – eyolwa kubo kaQuquda kushoniwe kuziliwe into eyihloni, ukuguqa phansi encengana nombulali ebeka impilo yakhe engozini, ekugcineni waquleka ngenhlanhla akawelanga embizeni emlilweni.

- Uma kungukuthi iqiniso lonke walikhuluma kumele aboshelwe amacala okuhlasela benoNqotho nelokuzama ukubulala benoBhibi.
- Bathola umntwana – uyisibusiso (ngokwabafundi) (3)

uMhlungu

- UDumisani Zondi umhlazile emphakathini ngokuthi ube yishende/umakhwapheni lomkakhe.
- Futhi wazokwenza amanyala ngokungena emzini wakhe embhedeni wakhe ibe nomama kaMhlungu ekhona la ekhaya.
- Uzohlekwa yizwe njengoba sekuvele imfihlo le ukuthi inkosikazi yakhe iphingile yaze yakhuleliswa yishende yena ebe ezitshela ukuthi unendodana.
- Usecishe wabulawa yinhliziyi kanti lo mshado ubewubheke ngabomvu ngeke kusabamandi njengoba yena kade efisa.
- Uphuke inhliziyi, ngendlela amthanda ngayo uMaMemela, washeshisa nokumlobola ngoba emthanda futhi emthemba wamupha ikhaya njengoba ayengasenamuva ngenxa yakhe lo Dumisani.
- Ukuphoxeka ukuthi wayejabulela ukuthi ukhulelwe, wondla, wakhulisa, wafundisa ingane okungesiyona eyakhe washaya izinkomo zakhe zonke ekhokha ilobolo le ngane angayizali.
- Usezokwaziwa njengendoda ehlulwa 'ngumfazi' nokuthi akananzalo ibe ayikho into angayenza manje ukuzelapha njengoba esemdala nje, ukube akwenzekanga loku ngabe mhlambe waya kuQolombo wamsiza ngemithi ukulungisa lesi simo.
- Ubeke ithemba lakhe kuSenzo ukuthi uzobondla abanakekele njengoba sebedadala. Kuzokwenzekani uma uSenzo efuna ukubuyela kwaZondi?
- Ubudlelwane bakhe noMaMemela bonakele, okuzoba nzima ngokuthi badala manje nempilo yakhe ayiyinhle ukuthi aqale phansi impilo yedwa noma kabusha.
- Kuzoba nzima ukuthemba uMaMemela emva kwaloku noma esebuyela emsebenzini uzozibuza ukuthi engabe ungenise bani nokumsaba nje isibindi esingaka sokusebenzisa imithi nokuzama ukubulala. (2)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

Ukweqa inani lamagama (-1/2) noma ukubhala okungelona iqiniso

[15]

UMBUZO 3

Abafundi bazonika imibono yabo engafaka okulandelayo nokunye.

uSenzo

- Ubuza uNokuthula ukuthi usafuna ukushada naye emva kwaloku asekwizwile.
- Uqinisekisa uNokuthula ukuthi usamthanda njengoba ehlale esho alukho oluyobahlukanisa utshela uNokuthula ngokwenzekile – unina emva kokuquleka ukhulume iqiniso wavuma ukuthi uzamile ukubahlukanisa kodwa akakwazanga ngoba uthando lwabo lunamandla futhi uxolisile. Kuzoya ngokuthi uMaMemela walikhuluma lonke iqiniso.
- Ukuqinisekisa uNokuthula ukuthi unina uyamthanda akusho ukuthi akamfuni wayekwenziswa ngokuthi wayezama ukufihla le mfihlo.
- Mhlawumbe okwesikhashana angahlala naye eGoli angahlali kwaMhlungu aze akwazi ukuxolela uMaMemela.

- Kumele bacabangisise isinqumo abazosithatha esingezuqhubeka sihlukumeze uMhlungu ongakalulami kahle emva kokuzwa indaba kaSenzo.
- Ucabanga ukuthi uMhlungu uzovuma umshado uqhubeke ngoba vele ubemthanda uNokuthula konke okumayelana nokucela nelobolo wakwenza yena ngoba wayejabule ukuthi uSenzo uthandana nentombi naye abemfisela yona.
- Usengabuza ukuthi ubazi na ukuthi uyise nguQuquda bangakhuluma nangomkhonzo ukuthi engabe uchaza ukuthini.
- Bangathembisana bakhuthazane ukuthi bangabi nazimfihlo phakathi kwabo baqhubeke nokukhuluma konke njengoba kade benza ngoba sebebonile/sebefunde isifundo ukuthi izimfihlo zidala izinkinga ezingakanani.
- Kumele bathokozele usuku lwakusasa, lungabo hhayi abazali babo namahlazo abo.
- Ukuya ocansini

uNokuthula

- Uyaqinisekisa ukuthi ahlale ekusho ngeke kushintshe usamthanda nguyena kuphela oyomhlukanisa naye.
- Cishe wamelwa yinhliziyu uma ezwa ukuthi ngeke besashada njengoba kade esekhala.
- Ududuza isithandwa sakhe ngokuthola lezi zindaba ezishaqisayo.
- Ubuza ukuthi isimo sesinjani ekhaya ngabazali bakhe njengoba bobabili bequlekile.
- Ubuza ukuthi ucabanga ukuthi uMhlungu uzovuma na ukuthi umshado uqhubeke.
- Kuhle ukuthi iqiniso seliphumele obala lokuthi kungani uMaMemela ebengamthandi, akungoba ubengafuni yena luqobo kodwa yingoba ubezama ukufihla imfihlo.
- Ubonga ukuthi bona bobabili bavumelana kwasekuqaleni ukuthi akukho zimfihlo abazokuba nazo.
- Indaba yokuthi uQuquda nguyise.
- Ukhlulula uSenzo ngokuthi akanankinga yokuhlala kwaMhlungu njengoba umuzi sewakhiwe futhi kuhleliwe ukuze anakekele abazali bakaSenzo ababukeka bengenampilo enhle.
- Akafuni ukuhlala kwaMhlungu

Ingqikithi

- Okusendabeni (4)
- Okwabafundi (2)

Isakhiwo

- Isihloko (½) Ukweqa imigqa (½)
- u----- (½) *block form* (½) (2)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½) (2)

[10]

UMBUZO 4

Ubudlelwane bakho, uZondi noMaMemela babunjani?

- Wabe uyisoka lokuqala likaMaMemela.
- Yize wabe uyisoka wawumthanda ngokweqiniso uZanele naye wayekuthanda kodwa ngenxa yezimo anikwazanga ukushada.
- Naqala ukwazana mhla isikole sakho sivakashele izikole zaseNkandla ukuyodlala imidlalo. Nathandana kodwa nabuye nalahlekelana ngenxa yokungatholi izincwadi enanibhalelene zona. Wazama ukumthola kepha akekho owayenolwazi ukuthi wasuka ekhaya waya kuphi neGoli, yingakho naqhubeka nempilo washada kanjalo naye uMaMemela.
- Ngenxa yokuthi nanidalelwene nahlangana eposini eBhodiliva ezolanda imali enenyanga eyodwa eshadile noMhlungu. Ngoba wawumthanda futhi ningahlukananga wacela ukuba nibuyelane wamshela unyaka wonke naze nabuyelana – lokhu kubonisa uthando owawunalo.
- Ngesikhathi ethi nihlukane wawufisa uMhlungu anibambe ngoba wawuzokhipha izinkomo umenze inkosikazi yesibili naba nempikiswano enkulu ngesikhathi nihlukana nguyena owaqeda ubudlelwano benu wena usamthanda.
- Yize kuyihlazo ukushela inkosikazi yomuntu owakwenza wakwenziswa nguthando futhi wawucabanga ukuthi ngoba babesashade inyanga eyodwa kwakuselula ukuthi bahlukane nesisho sithi oseyesile akakayidli, wazibona usenethuba elihle lokuthola isithandwa sakho owakwenza wakwenziswa ngubungane.

(5)

Okufisayo ngobudlelwane bukaSenzo noMaMemela manje nezizathu zakho. Kungani ufisa lokhu?

- Ukuthi amxolele ngamaphutha awenzile.
- Wenza iphutha usexolisile futhi wakhapha imfihlo okubonakalayo ukuthi beyimudla nangu-nje useze wazaca, ubengalali nakhu eze equleka ngosuku olwandulela umshado ngenxa yengcindezi.
- Akuyena kuphela owenze iphutha sonke siyawenza. Empeleni umuntu okumele agxekwe nguyena uZondi owameshela unyaka wonke embelesela nangephutha alenza ekuqaleni lokukhipha isisu wayesekekwezama ukubamba isimilo akufani nomuntu ovele wavumela phezulu.
- Akamshiyanga uMhlungu kodwa wakhetha ukuhlukana noZondi, bahlalisana kahle benoMhlungu yonke le minyaka, naye uSenzo uyakwazi lokho.
- Ihlazo nje leli elenzeka mihla le, wenza iphutha elingenziwa yinoma ngubani onesizungu uma umyeni wakhe engekho ekhaya esebenza le eGoli futhi ebuya ekhaya emva kwezinyanga.
- Njengoba naye uZondi wakhula engenabo abazali akafisi indodana yakhe ingabi namuntu empilweni.
- uMaMemela uyamdinga ikakhulukazi uSenzo nokuba nomndeni ikakhulukazi njengoba engasenalo imuva ngenxa yakhe uZondi.

(3)

UZondi uzizwa kanjani ngoSenzo?

- Uyajabula ukwazi ukuthi unendodana, kubuhlungu ukuthi awulitholanga ithuba lokwazana nayo, ukube wawazi wawuzolwela ilungelo lokuba ngubaba uyikhulise kule minyaka eyishumi nane usaphila.
- Uyamthanda kakhulu kwazise uyindodana yesithandwa sakho owawungasifela.
- Uyaziqhenya ngokuthi unendodana eqotho, enomqondo ohluzekile, eziphethe kahle eyisibonelo emphakathini, ehlakaniphile njengoba ebamba itoho lokufundisa enyuvesi futhi ungumbhali osafufusa wezincwadi zezinkondlo.

Ukuba walithola ithuba lokukhulisa uSenzo wabezoba ngubaba onjani?

- Bengizoba ngubaba oqotho onothando ngoba bengizobe nginomndeni nengane nomuntu engangimthanda ngempela.
- Bengizomfundisa ukudlala ibhola njengoba ngangingumdlali wodumo angalokhu enamathele ezincwadini.
- Bengizomfundisa ukucula noma sicule naye eqenjini lombhaqanga leli engangiliculela njengoba engumbhali wezinkondlo mhlawumbe ubengasibhalela okuthile eqenjini lethu.
- Bengizomfundisa ukuthi zishelwa kanjani izintombi yayingeke imphoxe leya ntombazane eyambiza ngenkongobela.

(4)

Kungani kufanele uSenzo aqhubeke asebenzise isibongo sikaMhlungu?

- NgokwesiZulu, uyidaka lakwaMhlungu.
- Ukuthi uSenzo sekuvela ukuthi ungowakwaZondi akushintshi lutho, uMhlungu uyamthanda wamkhulisa kahle njengendodana yakhe iminyaka engu-25, wamfundisa ezikoleni eziphambili zemfundo ephakeme esebenza kanzima yize impilo yakhe ingaseyinhle, namanje umlobolele wamakhela nomuzi egcekeni kwakhe.
- UMhlungu wayesefuna nokumtholela intombi ngoba ekhathazekile ukuthi akakaze ambone enentombi futhi wayemthandela intombi naye uSenzo ayeyithanda okubonisa ukuthi ngempela amagazi abo ayezwana nothando analo ngaye.
- USenzo uyamthanda uyise njengoba kwamphatha kabi ngesikhathi uMhlungu ekhuluma ngokufa nempilo yakhe engeyinhle. Yena uZondi usashona uzomdinga ubaba oqotho nonothando njengoMhlungu. Ukungabi nabazali njengoba kwenzeka kuyena akuyona into enhle, nezingane abayoba nazo ziyojabula ukuba nomkhulu ozoziphatha kahle.
- Uncamela ukuthi uSenzo ahlale kwaMhlungu hhayi nomnewabo lo owayesefuna ukungena inkosikazi yakhe uMaHadebe wayizwisa ubuhlungu bokuthi ishiye umuzi wayo nomndeni iyohlala endaweni entsha, angimthembi neze angakugila nawe.
- Umonile (uZondi) kakhulu uMhlungu, ukudala uxolo nokuthula kungcono ahlale kwaMhlungu futhi uMhlungu usekhulile nempilo ayiseyinhle uthembele kuyena konke abe nakho ukuchithe kuyena noMaMemela ukwenza okunye okuzomzwise ubuhlungu uzohamba ngempela.
- Ngokwendalo yakhe uMhlungu akayena umuntu onehliziyo embi unothando ngeke avele ashintshe into ayiyo – uyamamatheka uma ebona umkakhe, akazwani nengxabano – ngeke uthando lwakhe ngoSenzo lushintshe futhi uzoba yisibonelo esihle kuSenzo sokuphatha umuzi.
- Angisekho emhlabeni anginabazali ukushintsha isibongo kuzobe uSenzo ekwenzela bani? Asikho isidingo sokwenza izinto ezizoqhubela phambili ubuhlungu.
- KwaMhlungu uSenzo unabantu abakhaliphile abazomsekela uma esenkingeni njengoMaqili.

(2)

Akufisela uSenzo

- Aqhubeke nabekade ekwenza ahloniphe umkakhe, ahloniphe nomshado wabo, amthande.
- Aqhubeke nokuthembeka emshadweni, ubusoka abubuyiseli.
- Angashiyi inkosikazi yakhe yodwa la emakhaya isikhathi eside funa kwenzeke lokhu okwenzeka kuMhlungu.
- Umfisela umshado omuhle, impilo enhle nende benoNokuthula.
- Abe yindoda eqotho ahlanganise umndeni wakhe ukuthi baxolele unina bahlale kahle njengaphambilini anakekele noMhlungu. (3)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (1), isipelingi (1)

Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (3)

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

5.1 Inggikithi

Isingeniso.

Ukubingelela nokwamukela umfundi lowo omusha, kungani ebhale le ncwadi. (1)

Umzimba

- Ukumtshela ngesikole nezinto azohlangana nazo esikoleni – ezinhle nezimbi:
- Ukumazisa ngamasiko esikole, imithetho yesikole, imidlalo ekhona yimiphi e'cool'. Kusho ukuthini ukuba ngumfundi kulesi sikole. Izifundo noku-cabangisisa uma esekhetha ebangeni 10. Okumele akwenze ukuze aphumelele futhi ahlale kahle kulesi sikole.
- Imikhutshana eyenziwa ngabafundi, izinto ezihlekisayo ezenzeka esikoleni, amathuba okumele awasebenzise, izinto okumele aziqaphele.
- Izinto wena ozifundile, ukumkhuthaza ngezinto ezinhle angazenza.
- Ukumtshela ngezinsuku zakho zokuqala kulesi sikole. (11)

Isiphetho

Ukumfisela inhlanhla nenhlalakahle njengoba eqala lolu hambo olude lweminyaka emihlanu. (1)

Isakhiwo

- Ikheli lobhalile (1)
- Liqondile (½)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (1)
- Isibingelelo –igama lobhalelwayo (1) mfundi omusha (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina (1) ozithobayo uyathathwa
 - u ... (½)
 - igama lombhali (½)
- Izigaba (½) Imisho (½) nezimpawu zokuloba (1) (9)

Ulimi nohlelo

- Isipelingi (1)
 - Uhlelo (2)
 - Ulimi (2)
 - Ithoni (1)
 - Irejista (1) (7)
- Inani lamagama nokulibhala (1)

[30]

5.2 **Ingqikithi**

Isingeniso

Uzwile ukuthi uyahamba, awukholwa ufisa ukuthi acabangisise isinqumo sakhe (1)

Umzimba

- Veza ukuthi kungani umngani efuna ukushiya iNingizimu Afrika okungaba – amadlelo aluhlaza, imali, amathuba emsebenzi awekho lapha, ubugebengu obudlangile – ukubulala, ukudlwengula, inkohlakalo yezikhulu kuhulumeni, ukudunwa kwezimoto, ukuhlukumeza, ukucwasana ngokubuhlanga, uku-gqekeza izindlu, isimo somnotho esintengayo, njll.

- Kungani loku kwenzeka

Inhlupheko njengoba imisebenzi ingekho, abantu abasha abatholi imisebenzi, ukusebenziswa kwezidakamizwa, isimo somnotho esintengayo, ukudilizwa kwabantu, ukuthengwa kwezimpahla eChina bese kuvalwa izimboni, imingcele engalawuleki bese kungena abantu bokufika abanye babo bangenza noma yini ukuphila.

– iNingizimu Afrika ishibhile. Azikho izigameko zabashokobezi.

– Isimo sezulu esihle, abantu baseNingizimu Afrika.

- Khumbuza umngani ngamandla abasha ukushintsha izinto kudala namanje.

Abasha bango-1976 baba nemashi betelekela ukufunda ngolimi lwesiBhunu. Abasha balesi sikhathi balwa nobandlulo ukuthi luphele nya ngokuthi kususwe imifanekiso yabantu ababeyizinsika zobandlululo.

Iziteleka *#FeesMustFall* emanyuvesi wonke aseNingizimu Afrika lapho abasha bazo zonke izinhlanaga nezilimi bahlangana ukukhalaza ngokokhuphuka kwemali yemfundo okwenza ukuthi abasha abaningi bangakwazi ukungena emanyuvesi ngoba bengenamali noma laba asebeqalile bangakwazi ukuqhubeka ngoba ingekho imali yokukhokha sebecwile ezikweletwini. Ukukhala kwabafundi kube yimpumelelo ngoba uhulumeni unikele ngezigididi zezimali enhlanganweni elawula imifundaze iNSFAS ukusiza abafundi abaswele. Akugcinanga lapho, abafundi uqobo lwabo enyuvesi yaseWits baphume inqina befuna uxhaso ezinkampanini ezehlukene becela usizo ukuthi babe nesikhwama esizosiza labo abazalwa ngothisha nonesi njll. abangangeni osizweni olulethwa yiNSFAS.

Abaculi abasebasha banikela ngemali kulesi sikhwama.

Enyuvesi yaseStellenbosch abafundi balwele amalungelo abo ukuthi bafundiswe ngolimi lwesiNgisi kungabi olwesiBhunu kuphela olufundwayo.

- Izixazululo/ushintsho nina abasha eningalwenza ezweni.

Ukuhamba ezweni akusizi kumele abasha balwele amalungelo abo bangathuli nje baye kovota uma kunokhetho ukuze kukhethwe abaholi abaqotho. Ukusebenzisa imfundo namathuba abawatholayo. Ukulwa nokungangeni nokungadudani nabangane abakufaka ezidakamizweni. (11)

Isiphetho

Ukucela umngani acabangisise kahle isinqumo sakhe ngoba leli zwe liyamdinga. (1)

Isakhiwo:

- Ikheli lobhalile (1)
- Liqondile (½)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (1)
- Isibingelelo (1)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina/umngani wakho (1) ozithobayo/u
– u ... (½)
– igama lombhali (½)
- Izigaba (½) Imisho (½) Izimpawu zokuloba (1) (9)

Ulimi nohlelo:

- Isipelingi (1)
 - Uhlelo (2)
 - Ulimi (2)
 - Ithoni (1)
 - Irejista (1) (7)
- Inani lamagama nokulibhala (1)

[30]

UMBUZO 6

6.1 Ukonga amanzi: sinesomiso qaphela/yenza okulandelayo:

- Ungacheleli emini kodwa ebusuku futhi sebenzisa amanzi abekade kugezwa ngawo izitsha noma izingubo.
- Ungagezi imoto ngepayipi sebenzisa ibhakede.
- Lungisa ompompi kungabikho ompompi abavuzayo.
- Uma uxubha vala umpompi.
- Ungagezi izitsha noma uhlanze izingubo ezimbalwa, linda zize zibe ziningi.
- Geza eshaweni isikhathi esifishane yona iyonga kunokugeza kubhavu.
- Bika kumasipala wakho uma ubona ipayipi lamanzi elivuzayo ngokushayela inombolo yamahhala.
- Umasipala wendawo engehlisa umfutho amanzi aphuma ngawo.
- Ukonga amanzi emvula ngokusebenzisa amathangi – oJojo.
- Chelela ngamanzi ampunga – obugeza ngawo izitsha noma izingubo
- Gezela endishini

Ukonga ugesi: qaphela/yenza okulandelayo:

- Cisha ugesi uma ungekho endlini/kungenamuntu.
- Ungabilisi igedlela eligcwele lamanzi kodwa uzodinga inkomishi eyodwa yamanzi.
- Cisha *igeyser* emini.
- Neka izingubo elangeni/emnyango kunokusebenzisa umshini wokuzomisa.
- Sebenzisa amaglobe onga ugesi.
- Ukwakha izindlu ezisebenzisa ukukhanya kwelanga – *sky lights* nama-*solar panels* ukushisisa amanzi.

Ongakwenza ngezibi:

- Hlukanisa izibi – ezingasetshenziswa futhi – amabhodlela, amaphepha, amaplastiki, njll.
- Lahla/faka izibi emgqonyeni ungazilahli phansi, emanzini, emifuleni, olwandle.
- Yakha umquba ngamahlamvu, ukudla okusalile, izitshalo.
- Hambisa izibi ezinkampanini ezenza *irecycling*, yazi izinsuku ezilandwa ngazo lezo zinto.
- Ungashisi izibi.

Ukugcina umoya uhlanzekile:

- Hlanganyela nabanye abantu nihambe ngemoto eyodwa.
- Sebenzisa izithuthi zomphakathi.
- Gibela ibhayisikili.
- Ungashisi izibi.
- Ukuthenga izimoto ezingakhiphi intuthu-*Hybrid*.
- Ukutshala izihlahla.

Izilwane

- Ukuvikela obhejane
- Ukungashiyi izilwane zizodwa ngoKhisimuzi
- Ukuthanda izilwane, ukuyeka ukudla inyama, ukungathengisi izimpondo zobhejane nezimpahalazokugqoka zesikhumba ezinoboya
- Ukungaqedi amahlathi –ayikhaya lezilwane (6)

Isakhiwo: isihloko (½), ukuhleleka (½), ukubhala ngamaphuzu nezihlokwana (½), ivala kuphi/kubani (½) (2)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½) (1)

amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (1)

Ukukhuluma ngezinto ezintathu okungenani azichaze.

[10]

6.2 I –ajenda yamaminithi omhlangano wabafundi baseSinamandla Secondary School ngoLwesine mhlaka 3 kuMbaso 2016 ehholo lesikole.

1. Ukwamukela nokuvula ngomthandazo uNN usihlalo
2. Abakhona nabangekho
3. Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule uBB unobhala
4. Ezivuka emaminithini
5. Okusha – **ukubhala amaphuzu amathathu achaze noma ayisithupha uma engachazanga**
 - Ukubiza kwezincwadi esitolo esithengisa izincwadi esikoleni.
 - Ukuphoqwa kwabafundi, ukuthenga ubuchwepheshe kodwa abanye othisha abazisebenzisi lezi zinto.
 - Ukukhuphuka kwemali yesikole.
 - Ukushintshwa kwenyufomu futhi ithengiswe esikoleni kuphela okwenza imbe eqolo ngoba abanayo ikhompethishini bayazixebulela nje.
 - Ukuntshontshwa kwezinto zabafundi esikoleni.
 - Ukuhlolwa kwabafundi ukuthi abasebenzisi izidakamizwa nezikhulisa mzimba.
 - Othisha abangafundisi, abafika emva kwesikhathi emakilasini noma bephuzile, abaphutha esikoleni, njll.

- Ukungaphephi esikoleni – ukuhlukumezana kwezingane, iziqhwaga, abantu bangaphandle bakwazi ukungena yize bekhona abaqapha isikole.
- Ukuntshontshwa kwezimoto zabazali nezabafundi emagcekeni esikole.
- Umsebenzi omningi onikwa izingane.
- Ukuya esontweni zonke izinsuku, amanye amaculo esonto ayalalisa.
- Ukufakwa kwamakamera kuhle futhi kubi.
- Ukudla okuthengiswa *etuck shop* kumele kubhekisiswe.
- Ukudla okudliwa ngabafundi bahlala esikoleni kubi, sesikhathele yinkukhu zonke izinsuku *#InkukhuMustFall*.
- iSan ayinayo imithi eyanele, kumele kubhekisiswe ukusebenza kwayo.
- Ukuphoqwa kwabafundi ukuthi badlale imidlalo.
- Othisha abangafuni ukusiza abafundi abekade bengekho esikoleni ngenxa yemidlalo.
- Ukucwasana ngokobuhlanga, ukuthi umuntu uthanda abantu obobulili obufanayo naye – abizwe ngamagama amabi
(Umfundi makafake amaphuzu amathathu noma amane azoxoxwa emhlanganweni.)

6. Ezixubile

7. Ukuvala

(6)

Isakhiwo: isihloko (1)

Ukusho okune kwaloku okuyisithupha (1)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½)

amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½)

(2)

(1)

(1)

[10]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke: 100